phakathi kwesihlahla se-okhi. 15 Njalo amajaha alitshumi ayethwala izikhali zikaJowabi, amzingelezela amtshaya uAbisalomu ambulala. 16 UJowabi wasevuthela uphondo, abantu basebebuya ekuxotshaneni lolSrayeli, ngoba uJowabi wabamisa abantu. 17 Basebemthatha uAbisalomu, bamphosela emgodini omkhulu eguswini, babeka phezu kwakhe inqwaba enkulu kakhulu yamatshe; ulsrayeli wonke wasebaleka, ngulowo lalowo waya ethenteni lakhe. 18 UAbisalomu esaphila wayethethe wazimisela insika esesigodini senkosi, ngoba wathi: Angilandodana yokwenza ukuthi ibizo lami likhunjulwe. Wabiza leyonsika ngebizo lakhe. Yabizwa ngokuthi, isikhumbuzo sikaAbisalomu, kuze kube lamuhla. 19 UAhimahazi indodana kaZadoki wasesithi: Ake ngigijime, ngiyibikele inkosi ukuthi iNkosi iyiphindisele esandleni sezitha zayo. 20 Kodwa uJowabi wathi kuye: Kawusumbiki wendaba lamuhla, kodwa uzazibika izindaba ngolunye usuku; lamuhla kawuyikubika izindaba, ngenxa yokuthi indodana yenkosi ifile. 21 UJowabi wasesithi kumKhushi: Hamba uyebikela inkosi okubonileyo. UmKhushi wamkothamela uJowabi, wagijima. 22 UAhimahazi indodana kaZadoki wabuya wasephinda wathi kuJowabi: Loba kunjani, ake ngigijime lami ngimlandele umKhushi. Kodwa uJowabi wathi: Uzagijimelani, mntanami, lokhu ungelambiko ongawuletha? 23 Kodwa loba kunjani, kangigijime. Wasesithi kuye: Gijima. Wasegijima uAhimahazi ngendlela yemagcekeni, wamdulula umKhushi. 24 UDavida wayehlezi-ke phakathi kwamasango womabili; umlindi wasesiya ephahleni lwesango emdulini, waphakamisa amehlo akhe, wabona, khangela-ke, umuntu egijima yedwa. 25 Umlindi wasememeza watshela inkosi. Yasisithi inkosi: Uba eyedwa ulombiko emlonyeni wakhe. Wasehamba weza esondela. 26 Umlindi wasebona omunye umuntu egijima; umlindi wabiza umlindisango wathi: Khangela, omunye umuntu ugijima yedwa. Inkosi yasisithi: Laye lo uletha izindaba. 27 Umlindi wasesithi: Ngibona ukugijima kowokuqala kunjengokugijima kukaAhimahazi indodana kaZadoki. Inkosi yasisithi: Lo ngumuntu olungileyo, uza lendaba ezinhle. 28 UAhimahazi wasememeza wathi enkosini: Ukuthula! Wasekothamela inkosi ngobuso bakhe emhlabathini wathi: Kayibusiswe iNkosi, uNkulunkulu wakho, enikele abantu abaphakamisa isandla sabo enkosini yami, inkosi. 29 Inkosi yasisithi: Kuhle yini ngejaha, ngoAbisalomu? UAhimahazi wasesithi: Ngibone isiphithiphithi esikhulu lapho uJowabi ethuma inceku yenkosi lenceku yakho, kodwa kangazanga ukuthi kuyini. 30 Inkosi yasisithi: Buyela eceleni, ume lapho. Wasebuyela eceleni wema. 31 Khangela-ke, umKhushi wafika, umKhushi wathi: Yemukela

imibiko, nkosi yami, nkosi! Ngoba iNkosi ikuphindisele lamuhla esandleni salabo bonke abakuvukelayo. 32 Inkosi yasisithi kumKhushi: Kuhle yini ngejaha, ngoAbisalomu? UmKhushi wasesithi: Kungathi izitha zenkosi yami, inkosi, labo bonke abakuvukelayo ngobubi bangaba njengalelojaha. 33 Yasikhathazeka kakhulu inkosi, yenyukela endlini ephhezulu yesango, yakhala inyembezi, isahamba yakhuluma kanje: Ndodana yami Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami, Abisalomu! Kungathi ngabe kufe mina endaweni yakho, Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami!

19 Kwasekubikwa kuJowabi kwathiwa: Khangela, inkosi uDavida iyakhala inyembezi, lililela uAbisalomu. 2 Ukunqoba ngalolosuku kwasekusiba yisililo ebantwini bonke, ngoba abantu bezwa ngalolosuku kuthiwa: Inkosi idabukile ngenxa yendodana yayo. 3 Abantu basebengena ngokunyanya emzini ngalolosuku njengabantu benyanya belenhloni bebaleka empini. 4 Kodwa inkosi yagubuzela ubuso bayo, inkosi yakhala ngelizwi elikhulu yathi: Ndodana yami Abisalomu, Abisalomu, ndodana yami, ndodana yami! 5 UJowabi wasengena endlini enkosini wathi: Lamuhla uyangisile ubuso benceku zakho zonke ezisindise impilo yakho lamuhla lempilo yamadodana akho leyamadodakazi akho lempilo yabomkakho lempilo yabafazi bakho abancane. 6 Uyabathanda abakuzondayo, uzonde abakuthandayo. Ngoba ukuveze obala lamuhla ukuthi izinduna lezincedu kazisilutho kuwe; ngoba ngiyanzelela lamuhla ukuthi uba uAbisalomu ubephila, njalo thina sonke besifile lamuhla, ukuthi bekungabe kulungile emehlweni akho. 7 Ngakho-ke sukuma, uphume uyekhuluma enhliziyweni yezinceku zakho; ngoba ngifunga ngeNkosi, uba ungaphumi, sibili kakulamuntu ozahlala lawe ngalobubusuku. Lalokhu kuzakuba kubi kuwe kulakho konke okubi okukwehlele kusukela ebutsheni bakho kuze kube khathesi. 8 Inkosi yasisukuma, yahlala esangweni. Batshele bonke abantu bathi: Khangela, inkosi ihlezi esangweni; basebesiza abantu bonke phambi kwenkosi. Ulsrayeli wayebaleke-ke, ngulowo lalowo waya emathenteni akhe. 9 Njalo abantu bonke babephikisana ezizweni zonke zakolsrayeli besithi: Inkosi yasikhulula esandleni sezitha zethu, njalo yona yasophula esandleni samaFiliisti; kodwa khathesi isibalekile elizweni ngenxa kaAbisalomu. 10 Kodwa uAbisalomu esamgcoma ukuthi abe phezu kwethu ufele empini. Pho-ke, lithuleleni ngokubuyisa inkosi? 11 Inkosi uDavida yasithuma kuZadoki lakuAbhiyatha abapristi, isithi: Khulumani labadala bakoJuda lithi: Kungani lingabokucina ukubuyisela inkosi endlini yayo? (Ngoba inkulumo kalsrayeli wonke ifike enkosini endlini yayo.) 12 Lingabafowethu, lilitambo lami lenyama

yami; ngakho kungani lingabokucina ukubuyisa inkosi? 13 Lithi-ke kuAmasa: Angithi ulithambo lami lenyama yami? UNkulunkulu kenze njalo kimi engezelele ngokunjalo, uba ungayikuba yinduna yebutho phambi kwami zonke izinsuku esikhundleni sikaJowabi. 14 Wasethobisa inhliziyo yabantu bonke bakoJuda, njengamuntu munye; basebethuma enkosini besithi: Buyela wena lazo zonke inceku zakho. 15 Inkosi yasibuyela yafika eJordani; uJuda wasesiza eGiligali ukuyahlangabeza inkosi, ukuchaphisa inkosi iJordani. 16 UShimeyi indodana kaGera umBhenjamini, owaseBahurimi, wasephangisa wehla labantu bakoJuda ukuhlangabeza inkosi uDavida, 17 labantu abayinkulungwane bakoBhenjamini belaye, loZiba inceku yendlu kaSawuli, lamadodana akhe alitshumi lanhlano, lenceku zakhe ezingamatshumi amabili belaye. Basebephangisa baya eJordani phambi kwenkosi. 18 Kwasekuchapha isikepe sokuchapha ukuchaphisa abendlu yenkosi lokwenza okulungileyo emehlweni ayo. UShimeyi indodana kaGera wasewela phansi phambi kwenkosi ekuchapheni kwayo iJordani. 19 Wasesithi enkosini: Inkosi yami ingangibaleli isiphambeko, futhi ungakhumbuli lokho inceku yakho eyaphambeka ngakho mhla inkosi yami, inkosi, iphuma eJeruselema, ukuthi inkosi ikubeke enhliziyweni yayo. 20 Ngoba inceku yakho iyazi ukuthi mina ngonile; khangela-ke, ngifikile lamuhla ngingowokuqala wendlu yonke kaJosefa ukwehla ukuhlangabeza inkosi yami, inkosi. 21 Kodwa uAbishayi indodana kaZeruya waphendula wathi: UShimeyi kayikubulawa yini ngalokhu, ngoba wathuka ogcotshiwewayo weNkosi? 22 UDavida wasesithi: Ngilani lani, madodana kaZeruya, ukuthi libe yisitha kimi lamuhla? Kuzabulawa umuntu lamuhla kolsrayeli yini? Ngoba kangazi yini ukuthi lamuhla ngiyinkosi phezu kukalsrayeli? 23 Inkosi yasisithi kuShimeyi: Kawuyikufa. Inkosi yasifunga kuye. 24 UMefiboshethi indodana kaSawuli wasesehla ukuhlangabeza inkosi. Wayengalungisanga inyawo zakhe, engalungisanga lendevu zakhe, engawatshanga leziggoko zakhe, kusukela mhla inkosi ihamba kwaze kwaba mhla ibuya ngokuthula. 25 Kwasekusithi esefikile eJeruselema ukuhlangabeza inkosi, inkosi yathi kuye: Kungani ungahambanga lami, Mefiboshethi? 26 Wasesithi: Nkosi yami, nkosi, inceku yami yangikhohlisa; ngoba inceku yakho yathi: Ngizazibophelela isihlalo kubabhemu ukuze ngimgade, ngihambe lenkosi, ngoba inceku yakho iyaqhula. 27 Njalo iyihlebele inceku yakho enkosini yami, inkosi; kodwa inkosi yami, inkosi, injengengilosi kaNkulunkulu; ngakho yenza okulungileyo emehlweni akho. 28 Ngoba yonke indlu kababa ibingesilutho ngaphandle kokuba ngabantu bokufa phambi kwenkosi yami, inkosi; loba kunjalo wayibeka inceku yakho phakathi

kwabadla etafuleni lakho. Pho, ngiselalungelo bani ukuthi ngibuye ngikhale enkosini? 29 Inkosi yasisithi kuye: Usakhulumelani ngendaba zakho? Ngithe: Wena loZiba lizakwehlukanisela insimu. 30 UMefiboshethi wasesithi enkosini: Yebo, kayithathe yonke, lokhu inkosi yami, inkosi, isibuyile endlini yayo ngokuthula. 31 UBarizilayi umGileyadi wasesehla evela eRogelimi, wachapha iJordani kanye lenkosi ukuyiphelekezela phetsheya kweJordani. 32 UBarizilayi wayesemdala kakhulu, eleminyaka engamatshumi ayisificaminwembali; yena wayisekela inkosi ekuhlaleni kwayo eMahanayimi, ngoba wayengumuntu omkhulu kakhulu. 33 Inkosi yasisithi kuBarizilayi: Chapha kanye lami wena, ngizakusekela lami eJeruselema. 34 Kodwa uBarizilayi wasesithi enkosini: Zingaki insuku zeminyaka yempilo yami ukuthi ngenyukele eJeruselema lenkosi? 35 Lamuhla ngileminyaka engamatshumi ayisificaminwembali; ngingehlukanisa phakathi kokuhle lokubi yini? Inceku yakho inganambitha engikudlayo lengikunathayo yini? Ngingabe ngisawezwa yini amazwi amadoda ahlabelayo lawabesifazana abahlabelayo? Kungani-ke inceku yakho isizakuba ngumthwalo enkosini yami, inkosi? 36 Inceku yakho izake ichaphe iJordani ingcosana nje kanye lenkosi; kungani-ke inkosi izangenanisa ngomvuzo ongaka? 37 Ngiyakuncenga, yekela inceku yakho ibuyele, ukuze ngifele emzini wami eduze lengcwaba likababa lelikamama. Kodwa khangela, inceku yakho uKhimihamu, kayichaphe lenkosi yami, inkosi, uyenzele okulungileyo emehlweni akho. 38 Inkosi yasisithi: UKhimihamu uzachapha lami; njalo mina ngizamenzela okulungileyo emehlweni ami, lakho konke okufunayo kimi ngizakwenzela khona. 39 Bonke abantu basebephapha iJordani, lenkosi yachapha, inkosi yamanga uBarizilayi, yambusisa, wasebuyela endaweni yakhe. 40 Inkosi yasedlulela eGiligali, loKhimihamu wedlula layo; labo bonke abantu bakoJuda bayidlulisela phambili inkosi, futhi lengxenywe yesizwe sakolsrayeli. 41 Khangela-ke, bonke abantu bakolsrayeli beza enkosini bathi enkosini: Abafowethu, abantu bakoJuda, bakuntshontsheleni, bachaphisa inkosi lendlu yayo iJordani labo bonke abantu bakaDavida belaye? 42 Bonke abantu bakoJuda basebephendula amadoda akolsrayeli bathi: Ngoba inkosi iyisihlobo sethu; pho-ke, lithukuthelelani ngalindaba? Sike sadlani okwenkosi? Kumbe isinike isipho yini? 43 Njalo amadoda akolsrayeli aphenndula amadoda akoJuda, athi: Silengxenywe ezilitshumi enkosini, futhi lakuDavida silelungelo okwedlula lina. Pho, lasidelelelani ukuthi ilizwi lethu lingabi ngelokuqala ukubuyisa inkosi yethu? Kodwa ilizwi lamadoda akoJuda lalilukhuni kulelizwi lamadoda akolsrayeli.

20 Kwasekusenzakala ukuthi kube khona lapho umuntu kaBheliyali, obizo lakhe linguShebha indodana kaBikiri umBhenjamini; wasevuthela uphondo wathi: Kasilasabelo kuDavida, kasilalifa endodaneni kaJese; wonke umuntu emathenteni akhe, Israyeli! **2** Ngakho wonke umuntu wakolsrayeli wenyuka wasuka emva kukaDavida, elandela uShebha indodana kaBikiri; kodwa abantu bakoJuda banamathela enkosini yabo, kusukela eJordan kwaze kwaba seJerusalema. **3** UDavida wasefika endlini yakhe eJerusalema; inkosi yathatha abafazi abalitshumi, abafazi abancane, eyayibatshiyi ukuze balinde indlu, yababeka endlini elindiweyo, yabanika ukudla, kodwa kayingenanga kubo. Basebevalelwa kwaze kwaba lusuku lokufa kwabo, bephila ebufelokazini. **4** Inkosi yasisithi kuAmasa: Biza abantu bakoJuda babuthane kimi ngensuku ezintathu, lawe ube khona lapha. **5** UAmasa wasehamba ukubuthanisa uJuda, kodwa waphuza phezu kwesikhathi esimisiweyo ayemmisele sona. **6** UDavida wasesithi kuAbishayi: Khathesi uShebha indodana kaBikiri uzasenzela okubi okwedlula uAbisalomu; wena thatha inceku zenkosi yakho, uxotshane laye, hlezi azitholele imizi ebiyelwe ngemithangala, asiphunyuke. **7** Kwasekuphuma emva kwakhe amadoda kaJowabi lamaKerethi lamaPelethi lamaqhawe wonke, basebephuma eJerusalema ukuxotshana loShebha indodana kaBikiri. **8** Sebeselitsheni elikhulu eliseGibeyoni, uAmasa weza phambi kwabo. UJowabi wayebhince isigqoko ayesigqokile, laphezu kwaso kulebhanti elilenkamba ebotselwe ekhalweni lwakhe isesikhwameni sayo; esaqhubeka inkemba yawa. **9** UJowabi wasesithi kuAmasa: Uyaphila yini, mfowethu? UJowabi wasebamba uAmasa ngesilevu ngesandla sokunene ukuze amange. **10** Kodwa uAmasa wayengayinanzeleli inkemba eyayisesandleni sikaJowabi; wasemtshaya ngayo kubambo lwesihlanu, wathululela imibilini yakhe emhlabathini, kamphindanga, wafa. UJowabi loAbishayi umfowabo basebexotshana loShebha indodana kaBikiri. **11** Omunye wamajaha kaJowabi wema phansi kwakhe, wathi: Omthandayo uJowabi, longokaDavida, landela uJowabi. **12** UAmasa wasegiqika egazini phakathi komgwaqo omkhulu. Lapho lowomuntu ebona ukuthi bonke abantu bayema, wamsusa uAmasa emgwaqweni omkhulu wamusa egangeni, waphosela isembatho phezu kwakhe, lapho ebona ukuthi wonke ofika ngakuye wema. **13** Esesusiwe emgwaqweni omkhulu, bonke abantu badlula bamlandela uJowabi ukuze baxotshane loShebha indodana kaBikiri. **14** Wasedabula kuzo zonke izizwe zakolsrayeli, waya eAbeli ngitsho iBeti-Mahaka, lawo wonke amaBeri; basebebuthana bamlandela labo. **15** Basebefika,

bamgombolozela eAbeli-Beti-Mahaka; babuthelela idundulu maqondana lomuzi, lema emthangaleni; bonke abantu ababeloJowabi basebewona umduli ukuwuwisela phansi. **16** Kwasekumemeza owesifazana ohlakaniphileyo phakathi komuzi wathi: Zwanini, zwanini! Ake lithi kuJowabi: Sondela lapha, ukuze ngikhulume lawe. **17** Esesondele kuye, owesifazana wathi: Nguwe uJowabi yini? Yena wathi: Nginguye. Wasesithi kuye: Zwana amazwi encekukazi yakho. Wasesithi: Ngiyezwa. **18** Wasekhuluma esithi: Endulo babejwayele ukukhuluma besithi: Kababuze lokubuza eAbeli; basebeqeda ngokunjalo. **19** Ngingowabokuthula, owabathembekileyo bakolsrayeli; udinga ukuchitha umuzi lonina kolsrayeli. Uginyelani ilifa leNkosi? **20** UJowabi wasephendula wathi: Kakube khatshana, kakube khatshana lami ukuthi ngiginye loba ngichithe. **21** Udaba kalunjalo; kodwa umuntu wasentabeni yakoEfrayimi, nguShebha indodana kaBikiri ibizo lakhe, uphakamisile isandla sakhe emelene lenkosi, emelene loDavida; nikelani yena kuphela, ngizasuka emzini. Owesifazana wasesithi kuJowabi: Khangela, ikhanda lakhe lizaphoselwa kuwe ngaphezu komduli. **22** Owesifazana wasesiya ngenhlakanipho yakhe ebantwini bonke. Basebequma ikhanda likaShebha indodana kaBikiri, baliphosela kuJowabi. Wasevuthela uphondo, bahlakazeka besuka kulowomuzi, ngulowo lalowo waya emathenteni akhe. UJowabi wasebuyela eJerusalema enkosini. **23** Njalo uJowabi wayephezu kwebutho lonke lakolsrayeli; loBhenaya indodana kaJehoyada wayephezu kwamaKerethi laphezu kwamaPelethi; **24** loAdoniramu wayephezu kwezibhalwa; loJehoshafathi indodana kaAhiludi wayengumabhalane; **25** loSheva wayengumbhali; loZadoki loAbhiyatha babengabapristi; **26** loIra laye umJayiri wayengumpristi kaDavida.

21 Kwasekusiba khona indlala ensukwini zikaDavida iminyaka emithathu, umnyaka ngomnyaka ilandelana; uDavida wadinga ubuso beNkosi. Inkosi yasisithi: Kungenxa kaSawuli langenxa yendlu yakhe yegazi, ngoba wabulala amaGibeyoni. **2** Ngakho inkosi yabiza amaGibeyoni yathi kuwo: (AmaGibeyoni-ke ayengeyisiwo awabantwana bakolsrayeli, kodwa ayengawensali yamaAmori; njalo abantwana bakolsrayeli babefungile kuwo; uSawuli wasedinga ukuwatshaya ekutshisekeleni kwakhe abantwana bakolsrayeli loJuda.) **3** Ngakho uDavida wathi kumaGibeyoni: Ngingalenzelani? Ngingayenza ngani inhlawulo yokuthula ukuze libusise ilifa leNkosi? **4** AmaGibeyoni asesithi kuye: Kayisindaba yesiliva kumbe igolide loSawuli lendlu yakhe; futhi kakusikwethu ukubulala umuntu kolsrayeli. Wasesithi: Lokho elikutshoyo ngizalenzela khona. **5**

Basebesithi enkosini: Umuntu owasiqedayo, owaceba emelene lathi ukuthi sichithwe singasali lakuwuphi umngcele wakolsrayeli, 6 kasinikwe amadoda ayisikhombisa emadodaneni akhe, njalo siwaphanyekele iNkosi eGibeya kaSawuli, okhethiweyo weNkosi. Inkosi yasisithi: Mina ngizalipha. 7 Kodwa inkosi yamyekela uMefiboshethi indodana kaJonathani indodana kaSawuli ngenxa yesifungo seNkosi esasiphakathi kwabo, phakathi kukaDavida loJonathani indodana kaSawuli. 8 Kodwa inkosi yathatha amadodana amabili kaRizipa indodakazi kaAya ayewazalele uSawuli, uArimoni loMefiboshethi, lamadodana amahlanu kadadewabo kaMikhali indodakazi kaSawuli ayewazalele uAdriyeli indodana kaBarizilayi umMehola, 9 yabanikela esandleni samaGibeyoni, asebaphanyeka entabeni phambi kweNkosi, njalo abayisikhombisa bawa kanyekanye. Babulawa ensukwini zokuvuna, ensukwini zakuqala ekuqaleni kokuvunwa kwebhali. 10 URizipa indodakazi kaAya wasethatha isaka, wazendlalela lona phezu kwedwala, kusukela ekuqaleni kokuvuna kwaze kwathonta amanzi phezu kwabo evela emazulwini; kavumelanga inyoni zamazulu ukuthi zihlale phezu kwabo emini, lezilo zeganga ebusuku. 11 Kwasekubikelwa uDavida lokho uRizipa indodakazi kaAya, umfazi omncane kaSawuli, ayekwenzile. 12 UDavida wasehamba wayathatha amathambo kaSawuli lamathambo kaJonathani indodana yakhe kubahlali beJabeshi-Gileyadi ababewebile emdangeni weBeti-Shani, lapho amaFilisti ayebaphanyeke khona mhla amaFilisti etshaya uSawuli eGilibowa. 13 Wasesenyusa esuka lapho amathambo kaSawuli lamathambo kaJonathani indodana yakhe; basebeqoqa amathambo awababephanyekiwe. 14 Basebewangcwaba amathambo kaSawuli lakaJonathani indodana yakhe elizweni lakoBhenjamini eZela, engcwabeni likaKishi uyise. Benza konke inkosi eyayibalaye khona. Njalo emva kwalokho uNkulunkulu wancengeka ngenxa yelizwe. 15 AmaFilisti abuye aba lempi futhi loIsrayeli; uDavida wasesehla lenceku zakhe kanye laye, njalo balwa lamaFilisti; uDavida wasedinwa. 16 UShibi-Benobi owayengowabantwana besiqhwaga, osisindo somkhonto wakhe sasingamashekeli angamakhulu amathathu ethusi, wayebhince inkemba entsha, wathi uzamtshaya uDavida. 17 Kodwa uAbishayi indodana kaZeruya wamsiza, wamtshaya umFilisti wambulala. Khona abantu bakaDavida bafunga kuye besithi: Kawusayikuphuma impi lathi, hlezi ucitshe isibane sikalsrayeli. 18 Kwasekusithi emva kwalokhu kwaba lempi futhi lamaFilisti eGobi; khona uSibekayi umHusha watshaya uSafi, owayengowabantwana besiqhwaga. 19 Kwasekusiba lempi futhi lamaFilisti eGobi; uElihanani

indodana kaJahari-Oregimi umBhethelhehema, watshaya umfowabo kaGoliyathi umGiti, oluthi lomkhonto wakhe lwalunjengogodo lomaluki. 20 Njalo kwabuye kwaba lempi eGathi, lapho okwakulomuntu omude, owayeleminwe eyisithupha ezandleni zakhe, lamazwane ayisithupha ezinyaweni zakhe, kungamatshumi amabili lane ngenani; laye-ke wayezalelwe isiqhwaga. 21 Lapho eseyisa ulsrayeli, uJonathani indodana kaShimeya, umfowabo kaDavida, wamtshaya. 22 Laba abane babezalelwe isiqhwaga eGathi; njalo bawa ngesandla sikaDavida langesandla senceku zakhe.

22 UDavida wasekhuluma eNkosini amazwi alelihubo mhla iNkosi imkhulula esandleni sezitha zakhe zonke lesandleni sikaSawuli. 2 Wasesithi: INkosi ilidwala lami, lenqaba yami, lomkhululi wami; 3 uNkulunkulu wedwala lami, ngizaphephela kuye, isihlangu sami, lophondo losindiso lwami, inqaba yami ephakemeyo, lesiphephelo sami, umsindi wami; ungisindisile odlakeleni. 4 Ngizabiza iNkosi edumisekayo, ngakho ngizasindiswa ezitheni zami. 5 Ngoba izinsizi zokufa zingizingezelele, lezikhukhula zobubi zangethusa. 6 Izibopho zeshihogo zangigombolozela, imijibila yokufa yayiphambi kwami. (Sheol h7585) 7 Ekuhluphekeni kwami ngayibiza iNkosi, ngakhala kuNkulunkulu wami; waselizwa ilizwi lami esethempelini lakhe, lokukhala kwami kwafinyelela endlebeni zakhe. 8 Khona umhlaba wamazama, wanyikinyeka, izisekelo zamazulu zaqhaqhaqha, zazamazama, ngoba wayethukuthele. 9 Kwenyuka intuthu emakhaleni akhe, lomlilo ophuma emlonyeni wakhe waqothula; amalahle avuthiswa yiwo. 10 Wasekhothamisa amazulu, wehlela phansi; lomnyama onzima wawungaphansi kwenyawo zakhe. 11 Wasegada ikherubhi, waphapha, wabonakala phezu kwempiko zomoya. 12 Wasemisa umnyama waba ngamadumba inhlangothi zonke zakhe, lokuqoqana kwamanzi, amayezi amnyama omkhathi. 13 Ekuhazimuleni okuphambi kwakhe kwavuthiswa amalahle omililo. 14 INkosi yaduma isemazulwini, loPhezukonke walikhupha ilizwi lakhe. 15 Yathuma imitshoko, yabachitha; imibane, yabaphaphathekisa. 16 Khona kwabonakala imisele yolwandle, kwembulwa izisekelo zomhlaba, ekusoleni kweNkosi, ekuvutheleni komoya wamakhala ayo. 17 Iphezulu yathuma, yangibamba, yangenyula emanzini amanengi. 18 Yangophula esitheni sami esilamandla, kwabangizodayo, ngoba babelamandla kulami. 19 Babephambi kwami osukwini lwenhlopheko yami, kodwa iNkosi yaba yisisekelo sami. 20 Yangikhuphela endaweni ebanzi, yangikhulula, ngoba yayithokoza ngami. 21 INkosi yangivuzza njengokulunga

kwami, yangibuyisela njengokuhlanzeka kwezandla zami. 22 Ngoba ngizilondolozile indlela zeNkosi, kangisukanga kuNkulunkulu wami ngenkohlakalo. 23 Ngoba zonke izahlulelo zayo zaziphambi kwami, lezimiso zayo, kangiphambukanga kuzo. 24 Njalo ngangiqondile phambi kwayo, ngizinqandile ebubini bami. 25 Ngakho iNkosi ingibuyisele njengokulunga kwami, njengokuhlanzeka kwami phambi kwamehlo ayo. 26 Kolesihawu uzaziveza ulesihawu; koqotho uzaziveza uqotho; 27 kohlanzekileyo uzaziveza uhlanzekile; lakophambukileyo uzaziveza uphambukile. 28 Labantu abahlutshwayo uzabasindisa, kodwa amehlo akho aphezu kwabaziphakamisayo, uzabehlisela phansi. 29 Ngoba uyisibane sami, Nkosi, iNkosi izakhanyisa-ke ubumnyama bami. 30 Ngoba ngawe ngigijimile ngadabula phakathi kwebutho, ngoNkulunkulu wami ngeqe umthangala. 31 UNkulunkulu; indlela yakhe iphelele; ilizwi leNkosi lihloliwe; uyisihlangu kubo bonke abaphephela kuye. 32 Ngoba ngubani onguNkulunkulu ngaphandle kweNkosi? Njalo ngubani olidwala ngaphandle kukaNkulunkulu wethu? 33 UNkulunkulu uyingqaba yami lamandla, owenza indlela yami iphelele. 34 Owenza inyawo zami zibe njengezezimpala, wangimisa ezingqongeni zami. 35 Ofundisela izandla zami impi, ukuze idandili lethusi ligotshiswe zingalo zami. 36 Unginikile lesihlangu sosindiso lwakho, lokuzithoba kwakho kungikhulisile. 37 Wenze laba banzi inyathelo lami ngaphansi kwami, ukuze inqagala zami zingatshelile. 38 Ngixotshene lezitha zami ngazibhubhisa, kangibuyanga ngaze ngaziqeda. 39 Ngaziqeda, ngazigwaza, ukuze zingavuki; kodwa zawa ngaphansi kwenyawo zami. 40 Ngoba ungibhincise amandla kusenzelwa impi, wabakhothamisela phansi kwami abangivukelayo. 41 Unginike intamo yezitha zami, labo abangizondayo ngababhubhisa. 42 Bakhangela, kodwa engekho umsindisi; eNkosini, kodwa kayibaphendulanga. 43 Ngasengibacholisisa njengothuli lomhlaba, ngabagxoba njengodaka lwezitalada, ngabatsahaza. 44 Wasungikhulula ekuphikiseni kwabantu bami, wangigcina ngiyinhloko yezizwe; abantu engangingabazi bangisebenzela. 45 Abezizweni bazazehlisela phansi kimi; bangenela ukuzwa ngendlebe bazangilalela. 46 Abezizweni bazabuna, baphume ezingqabeni zabo bethuthumela. 47 INkosi iyaphila; njalo kalibusiswe idwala lami, kaphakanyiswe uNkulunkulu, idwala losindiso lwami; 48 uNkulunkulu onginika impindiselo, lowehlisela izizwe ngaphansi kwami; 49 longikhupha ezitheni zami; laphezu kwabangivukelayo wena wangiphakamisa; lemuntwini wodlakela wangikhulula. 50 Ngenxa yalokhu ngizakudumisa, Nkosi, phakathi kwezizwe, ngihubele ibizo lakho indumiso. 51 Ingumphotshongo wosindiso kuyo

inkosi yayo, isenzela ogcotshiweyo wayo umusa, kuDavida, lenzalweni yakhe kuze kube nininini.

23 La-ke ngamazwi okucina kaDavida. UDavida indodana kaJese wathi, lomuntu ophakanyiselwe phezulu, ogcotshiweyo kaNkulunkulu kaJakobe, lomhlabeleli omnandi wakolsrayeli, wathi: 2 UMoya weNkosi wakhuluma ngami, lelizwi lakhe lisolimini lwami. 3 UNkulunkulu kalsrayeli wathi, iDwala likalsrayeli lakhuluma kimi lathi: Obusa abantu uzakuba ngolungileyo, ebusa ngokumesaba uNkulunkulu. 4 Njalo uzakuba njengokukhanya kwekuseni ekuphumeni kwelanga, ikuseni engelamayezi, njengohlaza emhlabathini ngokukhanya emva kwezulu. 5 Lanxa indlu yami ingenjalo kuNkulunkulu, kube kanti wenzile lami isivumelwano esilaphakade, esimiswe kuhle ezintweni zonke, lesigcinekileyo, ngoba lonke usindiso lwami lesiloyiso sikuso, lanxa engasikhulisi. 6 Kodwa abakaBheliyali bonke banjengameva alahliweyo, ngoba engelakuthathwa ngesandla; 7 kodwa umuntu owathintayo uzazihlomisa ngensimbi langoluthi lomkhonto, azatshiswa lokutshiswa ngomlilo kuleyondawo. 8 La ngamabizo amaqhawe uDavida ayelawo: UJoshebi-Bashebeti umTahekemoni, inhloko yezinduna; nguye uAdino umEzini, ngenxa yabangamakhulu ayisificaminwembili ababulawa ngasikhathi sinye. 9 Lemva kwakhe kwakuloEleyazare indodana kaDodo indodana kaAhoi, owamaqhawe amathathu ayeloDavida, ekudeleleni kwabo amaFilisti ayebuthanele khona impi, lapho amadoda akolsrayeli esenyukile, 10 yena wasukuma watshaya amaFilisti saze sadinwa isandla sakhe, lesandla sakhe sanamathela enkembeni. INkosi yasisenza usindiso olukhulu ngalolosuku; abantu basebebuya emva kwakhe ukuzaphanga kuphela. 11 Lemva kwakhe kwakuloShama indodana kaAge umHarari. AmaFilisti ayebuthene aba lixuku, lapho okwakukhona isiqinti sensimu sigcwele amalentili; njalo abantu babaleka ebusweni bamaFilisti, 12 kodwa wajama phakathi kwesiqinti, wasivikela, wawatshaya amaFilisti. INkosi yenza-ke usindiso olukhulu. 13 Abathathu ezinhlokweni ezingamatshumi amathathu basebesehla, bafika kuDavida ebhalwini lweAdulamu ngesikhathi sokuvuna; lexuku lamaFilisti lalimise inkamba esihotsheni seRefayimi. 14 Langalesosikhathi uDavida wayesenqabeni, lebutsho lenqaba lamaFilisti laliseBhethelhehema ngalesosikhathi. 15 UDavida wasenxwanela, wathi: Hawu, kungathi omunye ubenganginathisa amanzi omthombo weBhethelhehema ongasesangweni! 16 Lawomaqhawe amathathu asefohla adabula enkembeni yamaFilisti, akha amanzi emthonjeni weBhethelhehema owawungasesangweni, awathatha awaletha kuDavida. Kube kanti kathandanga ukuwanatha,

kodwa wawathululela iNkosi. 17 Wasesithi: Kakube khatshana lami, Nkosi, ukuthi ngenze lokho; kakusigazi yini labantu abahambe lempilo yabo engozini? Ngalokho kathandanga ukuwanatha. Lezizinto azenza lamaqhawe amathathu. 18 Njalo uAbishayi, umfowabo kaJowabi indodana kaZeruya, wayeyinhloko yabathathu. Yena wasegiyela abangamakhulu amathathu ngomkhonto wakhe, ababuleweyo, wasesiba lebizu phakathi kwabathathu. 19 Kahlonitshwanga kakhulu yini kulabathathu? Ngakho waba yinduna yabo; kodwa kafikanga kwabathathu abokuqala. 20 UBhenaya-ke, indodana kaJehoyada, indodana yeqhawe, omkhulu ngezenzo, weKabhiseyeli. Yena watshaya ababili abanjengezilwane bakoMowabi; futhi wehla watshaya isilwane phakathi komgodi mhla weliqhwa elikhithikileyo. 21 Yena wasetshaya indoda engumGibhithe, umuntu obukeyayo; njalo umGibhithe wayelomkhonto esandleni sakhe; kodwa wehlela kuye elenduku, wawuhluthuna umkhonto esandleni somGibhithe, wambulala ngomkhonto wakhe. 22 Lezizinto wazenza uBhenaya indodana kaJehoyada, waba lebizu phakathi kwamaqhawe amathathu. 23 Wayehlonipheka kulabangamatshumi amathathu, kodwa kafikanga kwabathathu. UDavida wasembeka phezu kwabalindi bakhe. 24 UAsaheli umfowabo kaJowabi wayephakathi kwabangamatshumi amathathu, uElihanani indodana kaDodo weBhethelhehema, 25 uShama umHarodi, uElika umHarodi, 26 uHelezi umPaliti, ulra indodana kalkheshi umThekhowa, 27 uAbiyezeri umAnethothi, uMebunayi umHusha, 28 uZalimoni umAhohi, uMaharayi umNetofa, 29 uHelebi indodana kaBahana umNetofa, ulthayi indodana kaRibayi weGibeya wabantwana bakoBhenjamini, 30 uBhenaya umPirathoni, uHidayi wezifuleni zeGahashi, 31 uAbi-Aliboni umAraba, uAzimavethi umBahurimi, 32 uEliyabha umShahaliboni, wamadodana kaJasheni, uJonathani, 33 uShama umHarari, uAhiyamu indodana kaSharari umHarari, 34 uElifeleti indodana kaAhasibayi indodana yomMahaka, uEliyamu indodana kaAhithofeli umGilo, 35 uHezirayi umKharmeli, uPaharayi umArabi, 36 ulgali indodana kaNathani weZoba, uBani umGadi, 37 uZekeki umAmoni, uNaharayi umBherothi, umthwali wezikhali zikaJowabi indodana kaZeruya, 38 ulra umIthiri, uGarebi umIthiri, 39 uUriya umHethi; bebonke babengamatshumi amathathu lesikhombisa.

24 Lwaselubuya lwamvuthela ulsrayeli ulaka lukaJehova, wabavusela uDavida, esithi: Hamba ubale ulsrayeli loJuda. 2 Ngakho inkosi yathi kuJowabi induna yebutho eyayilaye: Hamba khathesi ubhode ezizweni zonke zakolsrayeli, kusukela koDani kuze kube seBherisheba,

libale abantu ukuze ngazi inani labantu. 3 UJowabi wasesithi enkosini: Aluba iNkosi uNkulunkulu wakho ingandisa ebantwini, loba bebanengi kangakanani, kuphindwe ngokulikhulu, ukuthi amehlo enkosi yami, inkosi, akubone. Kodwa inkosi yami, inkosi, ithokozelani kulinto? 4 Kodwa ilizwi lenkosi lalilamandla phezu kukaJowabi laphezu kwezinduna zebutho. Ngakho uJowabi lenduna zebutho baphuma phambi kwenkosi ukuze babale abantu, ulsrayeli. 5 Basebechapha iJordani, bamisa inkamba eAroweri, ngakwesokunene komuzi ophakathi kwesifula seGadi, lamaqondana leJazeri. 6 Basebefika eGileyadi lelizweni leTahetimi-Hodishi; bafika eDani-Jahani, babhoda ngaseSidoni, 7 bafika enqabeni yeTire lemizini yonke yamaHivi leyamaKhanani; baphuma baya eningizimu yakoJuda, eBherisheba. 8 Sebebhode badabula ilizwe lonke, bafika eJerusalema ekupheleni kwenyanga eziyisificamunwemunye lensuku ezingamatshumi amabili. 9 UJowabi waseyinka inkosi inani lokubalwa kwabantu; njalo kwakukhona kolsrayeli amaqhawe ayizinkulungwane ezingamakhulu ayisificaminwembili ahwatsha inkemba; lamadoda akoJuda ayengamadoda ayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. 10 Inhliziyo kaDavida yasimtshaya emva kokuthi esebale abantu. UDavida wasesithi enkosini: Ngonile kakhulu ngalokho engikwenzileyo. Ngakho-ke, Nkosi, ngiyakuncenga, susa ububi benceku yakho, ngoba ngenze ngobuthutha obukhulu. 11 Kwathi uDavida esevukile ekuseni, kwafika ilizwi leNkosi kuGadi umprofethi, umboni kaDavida, lisithi: 12 Hamba uthi kuDavida: Itsho njalo iNkosi ithi: Ngikubekela okuthathu; zikhethelele okukodwa kukho, ukuthi ngikwenze kuwe. 13 UGadi wasefika kuDavida, wamtshela wathi kuye: Kufike kuwe yini iminyaka eyisikhombisa yendlala elizweni lakini? Loba ubalekele izitha zakho inyanga ezintathu zixotshana lawe? Ingabe kube khona umatshayabhuqe wesifo okwensuku ezintathu elizweni lakini? Khathesi cabanga, ubone ukuthi yimpendulo bani engizayibuyisela kongithumileyo. 14 UDavida wasesithi kuGadi: Ngicindezekile kakhulu; ake siwele esandleni seNkosi, ngoba izisa zayo zinkulu, kodwa kangangaweli esandleni somuntu. 15 Ngakho iNkosi yasibeka umatshayabhuqe wesifo kulsrayeli, kusukela ekuseni kwaze kwaba sesikhathini esimisiweyo; kwasekusifa ebantwini abantu abayizinkulungwane ezingamatshumi ayisikhombisa kusukela koDani kwaze kwaba seBherisheba. 16 Lapho ingilosu iselulela isandla sayo eJerusalema ukuyibhubhisa, iNkosi yazisola ngalobobubi, yathi engilosini eyayibhubhisa abantu: Sekwanele. Khathesi finyeza isandla sakho. Ingilosu yeNkosi yayisebaleni lokubhulela likaArawuna umJebusi.

17 UDavida wasekhuluma eNkosini lapho ebona ingilosi eyayitshaya abantu, wathi: Khangela, mina ngonile, njalo mina ngenze okubi; pho, lezizimvu zenzeni? Isandla sakho ake simelane lami njalo simelane lendlu kababa. 18 UGadi wasefika kuDavida ngalolosuku, wathi kuye: Yenyuka, umisele iNkosi ilathi ebaleni lokubhulela likaArawuna umJebusi. 19 UDavida wasesenyuka njengokutsho kukaGadi, njengokulaya kweNkosi. 20 UArawuna waselunguza, wabona inkosi lenceku zayo beqhubeka besiza kuye; uArawuna wasephuma wakhothama phambi kwenkosi ngobuso bakhe emhlabathini. 21 UArawuna wasesithi: Kungani inkosi yami, inkosi, ize encekwini yayo? UDavida wasesithi: Ukuthi ngithenge kuwe ibala lokubhulela, ukuthi ngakhele iNkosi ilathi, ukuze inhlupheko ithinteki ingafiki ebantwini. 22 UArawuna wasesithi kuDavida: Inkosi yami, inkosi, kayithathe inikele lokho okuhle emehlweni ayo; bona, nanzi inkabi zomnikelo wokutshiswa, lezimbulo lezinto zenkabi kube zinkuni. 23 Konke lokhu, nkosi, uArawuna wakunika inkosi; uArawuna wasesithi enkosini: INkosi uNkulunkulu wakho kayikwemukele. 24 Inkosi yasisithi kuArawuna: Hatshi, kodwa ngizakuthenga lokukuthenga kuwe ngentengo; njalo kangiyikunikela iminikelo yokutshiswa engangibizanga lutho eNkosini uNkulunkulu wami. UDavida waselithenga ibala lokubhulela lezinkabi ngamashekeli esiliva angamatshumi amahlanu. 25 UDavida wasesakhela khona iNkosi ilathi, wanikela iminikelo yokutshiswa leminikelo yokuthula. Ngakho iNkosi yancengeka ngelizwe, inhlupheko yasithinteka phezu kukalsrayeli.

1 Amakhosi

1 Inkosi uDavida yayisindala ilensuku ezinengi; basebeyembesa ngezembatho, kodwa kayikhudumalanga. **2** Inceku zayo zasezisithi kuyo: Inkosi yami, inkosi, kayidingelwe intombazana emsulwa, ukuthi ime phambi kwenkosi, iyonge, ilale esifubeni sakho, ukuze inkosi yami, inkosi, ikhudumale. **3** Zasezidinga intombazana enhle emingceleni yonke yakolsrayeli, zathola uAbishagi umShunami, zamletha enkosini. **4** Intombazana yayinhle kakhulu sibili, yaba ngumongi wenkosi, yayisebenzela; kodwa inkosi kayiyazanga. **5** UAdonija indodana kaHagithi waseziphakamisa esithi: Mina ngizakuba yinkosi. Wasezilungisela inqola labagadi bamabhiza, lamadoda angamatshumi amahlanu ukugijima phambi kwakhe. **6** Uyise wayengazanga amdanise lakanye esithi: Wenzeleni kanje? Laye futhi wayelesimo esihle kakhulu, lonina wamzala emva kukaAbisalomu. **7** Lamazwi akhe ayeloJowabi indodana kaZeruya njalo loAbhiyatha umpri, basebencedisa, bamlandela uAdonija. **8** Kodwa uZadoki umpri, loBhenaya indodana kaJehoyada, loNathani umprofethi, loShimeyi, loReyi, lamaqhawe uDavida ayelawo, babengekho kuAdonija. **9** UAdonija wahlaba izimvu lezinkabi lokunonisiweyo elitsheni leZohlelethi eliseceleni kweEni-Rogeli, wanxusa bonke abafowabo, amadodana enkosi, lawo wonke amadoda akoJuda, inceku zenkosi; **10** kodwa oNathani umprofethi loBhenaya lamaqhawe loSolomoni umfowabo kabanxusanga. **11** Ngakho uNathani wakhuluma kuBathisheba unina kaSolomoni esithi: Kawuzwanga yini ukuthi uAdonija indodana kaHagithi uyabusa, lenkosi yethu uDavida kayikwazi? **12** Ngakho-ke woza, ake ngikuphe iseluleko, ukuze usindise impilo yakho lempilo yendodana yakho uSolomoni. **13** Hamba ungene enkosini uDavida uthi kuyo: Wena nkosi yami, nkosi, kawufunganga yini kuncekukazi yakho usithi: Qotho, uSolomoni indodana yami uzabusa emva kwami, njalo yena uzahlala esihlalweni sami sobukhosi? Pho, kungani kubusa uAdonija? **14** Khangela, ulokhu usakhuluma lapho lenkosi, ngingene lami emva kwakho, ngiqinise amazwi akho. **15** UBathisheba wasengena enkosini ekamelweni. Inkosi yayisindala kakhulu, loAbishagi umShunami wayeyisebenzela inkosi. **16** UBathisheba waseguqa wakhothamela inkosi; inkosi yasisithi: Ulani? **17** Wasesithi kuyo: Nkosi yami, wena wafunga ngoJehova uNkulunkulu wakho kuncekukazi yakho usithi: Qotho uSolomoni indodana yakho uzabusa emva kwami, njalo yena uzahlala esihlalweni sami sobukhosi. **18** Kodwa khathesi khangela, uAdonija uyabusa, khathesi-ke, nkosi yami, nkosi,

kawukwazi. **19** Usehlabe izinkabi lokunonisiweyo lezimvu ezinengi, wanxusa wonke amadodana enkosi loAbhiyatha umpri loJowabi induna yebutho; kodwa uSolomoni inceku yakho kamnxusanga. **20** Wena-ke, nkosi yami, nkosi, amehlo kalsrayeli wonke aphezu kwakho ukuthi ubatshele ukuthi ngubani ozahlala esihlalweni sobukhosi senkosi yami, inkosi, emva kwayo, **21** hlezi kuzakuthi lapho inkosi yami, inkosi, izalala laboyise, mina lendodana yami uSolomoni sizakuba yizoni. **22** Khangela-ke, elokhu esakhuluma lenkosi, loNathani umprofethi wangena. **23** Basebeyibikela inkosi besithi: Khangela uNathani umprofethi. Esengene phambi kwenkosi wakhothama phambi kwenkosi ngobuso bakhe emhlabathini. **24** UNathani wasesithi: Nkosi yami, nkosi, wena utshilo yini ukuthi: UAdonija uzabusa emva kwami, njalo yena uzahlala esihlalweni sami sobukhosi? **25** Ngoba wehlile lamuhla, uhlabile izinkabi lokunonisiweyo lezimvu ezinengi, wanxusa wonke amadodana enkosi, lenduna zebutho, loAbhiyatha umpri; khangela-ke, bayadla bayanatha phambi kwakhe, njalo bathi: Kayiphile inkosi uAdonija! **26** Kodwa mina, mina inceku yakho loZadoki umpri loBhenaya indodana kaJehoyada loSolomoni inceku yakho, kasinxusanga. **27** Lindaba yenziwe yinkosi yami, inkosi, yini? Njalo kawazisanga inceku yakho ukuthi ngubani ozahlala esihlalweni sobukhosi senkosi yami, inkosi, emva kwayo? **28** Inkosi uDavida yasiphendula yathi: Ngibizelani uBathisheba. Wasengena phambi kobuso benkosi, wema phambi kwenkosi. **29** Inkosi yasifunga yathi: Kuphila kukaJehova ohlenge umphefumulo wami kuzo zonke inhlopheko, **30** ngitsho, njengoba ngafunga kuwe ngeNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, ngisithi: Qotho, uSolomoni indodana yakho uzabusa emva kwami, njalo yena uzahlala esihlalweni sami sobukhosi esikhundleni sami; qotho ngizakwenza njalo lamuhla. **31** UBathisheba wasekothama ngobuso emhlabathini, waguqela inkosi wathi: Kayiphile inkosi yami, inkosi uDavida kuze kube nininini! **32** Inkosi uDavida yasisithi: Ngibizelani uZadoki umpri, loNathani umprofethi, loBhenaya indodana kaJehoyada. Basebengena phambi kwenkosi. **33** Inkosi yasisithi kibo: Thathani kanye lani inceku zenkosi yenu, ligadise uSolomoni indodana yami imbongolo engeyami, limehlisele eGihoni. **34** Kakuthi-ke uZadoki umpri loNathani umprofethi bamgcoke khona abe yinkosi phezu kukalsrayeli; beselivuthela uphondo lithi: Kayiphile inkosi uSolomoni! **35** Beselisenyuka emva kwakhe, njalo uzakuba ahlale esihlalweni sami sobukhosi, ngoba uzakuba yinkosi esikhundleni sami, njalo yena ngimbekile ukuthi abe ngumbusi phezu kukalsrayeli lapho kukaJuda. **36** UBhenaya indodana kaJehoyada waseyiphendula

inkosi wathi: Amen. Kayitsho njalo iNkosi, uNkulunkulu wenkosi yami, inkosi! **37** Njengoba uJehova ubelenkosi yami, inkosi, kabe njalo loSolomoni, asenze isihlalo sakhe sobukhosi sibe sikhulu kulesihlalo sobukhosi senkosi yami, inkosi uDavida. **38** Ngakho uZadoki umpri, loNathani umprofethi, loBhenaya indodana kaJehoyada, lamaKerethi, lamaPelethi behla bangadisa uSolomoni imbongolo yenkosi uDavida, bamusa eGihoni. **39** Uzadoki umpri wasethatha uphondo lwamafutha ethenteni, wamgcoba uSolomoni. Basebevuthela uphondo, bonke abantu bathi: Kayiphile inkosi uSolomoni! **40** Bonke abantu basebesenyuka emva kwakhe, bonke abantu basebevuthela imihlanga bethokoza ngentokozo enkulu, waze waqhekezeka umhlaba ngomsindo wabo. **41** UAdonija labo bonke abanxusiweyo ababelaye basebewuzwa sebeqede ukudla. Lapho uJowabi esizwa ukukhala kophondo wathi: Ngowani umsindo womuzi oxokozelayo? **42** Lapho esakhuluma, khangela, kwafika uJonathani indodana kaAbhiyatha umpri; uAdonija wathi: Ngena, ngoba uliqhawe, uletha imibiko emihle. **43** UJonathani wasephendula wathi kuAdonija: Qotho, inkosi yethu, inkosi uDavida, imbekile uSolomoni waba yinkosi; **44** njalo inkosi ithume kanye laye uZadoki umpri, loNathani umprofethi, loBhenaya indodana kaJehoyada, lamaKerethi, lamaPelethi, bangadisa imbongolo yenkosi. **45** Njalo uZadoki umpri loNathani umprofethi bangcobile waba yinkosi eGihoni, benyuka khona bethokoza; yikho umuzi uxokozela. Yiwo lowomsindo eliwuzwileyo. **46** Futhi uSolomoni usehlezi esihlalweni sobukhosi sombuso. **47** Futhi lenceku zenkosi zifikile ukubusisa inkosi yethu, inkosi uDavida, zisithi: UNkulunkulu wakho kalenze ibizo likaSolomoni libe ngcono kulebizo lakho, enze isihlalo sakhe sobukhosi sibe sikhulu kulesihlalo sakho sobukhosi. Inkosi yasikhothama embhedeni. **48** Futhi-ke yatsho njalo inkosi: Kayibusiswe iNkosi, uNkulunkulu kalsrayeli, enike lamuhla ohlala esihlalweni sami sobukhosi, amehlo ami ekubona. **49** Bonke abanxusiweyo ababeloAdonija basebethuthumela, basukuma, bahamba ngulowo lalowo ngendlela yakhe. **50** UAdonija wasesesaba ngenxa kaSolomoni, wasukuma wahamba, wabamba impondo zelathi. **51** Wasebikelwa uSolomoni ukuthi: Khangela, uAdonija uyayesaba inkosi uSolomoni; ngoba khangela, usebambe impondo zelathi esithi: Inkosi uSolomoni kayifunge kimi lamuhla ukuthi kayiyikuyibulala inceku yayo ngenkamba. **52** USolomoni wasesithi: Uba eyindoda uqobo, kakuyikuwa okonwele lwakhe emhlabathini. Kodwa uba ububi butholakala kuye, uzakufa. **53** Inkosi uSolomoni yasithuma, bamehlisa elathini.

Wasesiza wakhothama enkosini uSolomoni; uSolomoni wasesithi kuye: Yana endlini yakho.

2 Insuku zikaDavida zokuthi afe zasezisondele, waselaya uSolomoni indodana yakhe esithi: **2** Sengihamba indlela yomhlaba wonke. Ngakho qina, ube yindoda, **3** ugcine imfanelo yeNkosi uNkulunkulu wakho, ukuhamba ngezindlela zayo, ukugcina izimiso zayo, imithetho yayo, lezehlulelo zayo, lobufakazi bayo, njengokubhaliweyo emlayweni kaMozisi, ukuze uphumelele kukho konke okwenzayo, laloba ngaphi lapho ophendukela khona, **4** ukuze iNkosi iqinise ilizwi layo eyalikhuluma mayelana lami isithi: Uba amadodana akho eqaphelisa indlela yawo, ukuhamba ngobuqotho phambi kwami ngenhliziyo yonke yawo langomphefumulo wonke wawo, (isithi) kakuyikusweleka kuwe indoda esihlalweni sobukhosi sikalsrayeli. **5** Futhi-ke wena uyakwazi ukuthi uJowabi indodana kaZeruya wenzani kimi, ukuthi wenzani kuzinduna ezimbili zamabutho akalsrayeli, kuAbhineri indodana kaNeri, lakuAmasa indodana kaJetheri, owababulala wachitha igazi lempi ekuthuleni, wafaka igazi lempi ebhantini lakhe elalisekhalweni lwakhe lemanyathelweni asenyaweni zakhe. **6** Ngakho yenza njengenhlakanipho yakho, ungayekeli ikhanda lakhe elilezimvu lehlele engcwabeni ngokuthula. (Sheol h7585) **7** Kodwa kumadodana kaBarizilayi umGileyadi wenze umusa, njalo kawabe phakathi kwabadla etafuleni lakho, ngoba ngokunjalo asondela kimi ekubalekeleni kwami ubuso bukaAbisalomu umfowenu. **8** Futhi khangela, kukhona kuwe uShimeyi indodana kaGera umBhenjamini weBahurimi, owangithuka ngesethuko esibuhlungu mhla ngisiya eMahanayimi; kodwa wehla ukungihlangabeza eJordani, ngasengifunga kuye ngeNkosi ngathi: Kangiyikubulala ngenkamba. **9** Ngakho-ke ungayekeli abe ngongelacala, ngoba ungumuntu ohlakaniphileyo, ngoba uyakwazi ozakwenza kuye, njalo uzakwehlisela ikhanda lakhe eliyimpunga lilegazi engcwabeni. (Sheol h7585) **10** UDavida waselala laboyise, wangcwatshelwa emzini kaDavida. **11** Njalo insuku uDavida abusa ngazo phezu kukalsrayeli zaziyiminyaka engamatshumi amane; eHebroni wabusa iminyaka eyisikhombisa, leJerusema wabusa iminyaka engamatshumi amathathu lantathu. **12** USolomoni wasehlala esihlalweni sobukhosi sikaDavida uyise, lombuso wakhe waqiniswa kakhulu. **13** UAdonija indodana kaHagithi wasesiza kuBathisheba unina kaSolomoni; wasesithi: Ukuza kwakho kuyikuthula yini? Wasesithi: Ukuthula. **14** Wathi: Ngilelizwi kuwe. Wasesithi: Khuluma. **15** Wasesithi: Wena uyakwazi ukuthi umbuso wawungowami, lokuthi ulsrayeli wonke babebeke ubuso babo kimi ukuthi ngizabusa;

kodwa umbuso waphendulwa, waba ngowomfowethu, ngoba waba ngowakhe uvela eNkosini. 16 Khathezi-ke, ngicela isicelo esisodwa kuwe, ungafulathelisi ubuso bami. Wasesithi kuye: Khuluma. 17 Wasesithi: Ake ukhulume loSolomoni inkosi (ngoba kayikufulathelisa ubuso bakho) ukuthi anginike uAbishagi umShunami abe ngumkami. 18 UBathisheba wasesithi: Kulungile; mina ngizakukhulumela enkosini. 19 Ngakho uBathisheba wasesiya enkosini uSolomoni ukukhulumela uAdonija kuyo. Inkosi yasisukuma ukumhlangebeza, yakhothama kuye, yahlala esihlalweni sayo sobukhosi, yathi kubekelwe unina wenkosi isihlalo sobukhosi; wasehlala ngakwesokunene sayo. 20 Wasesithi: Ngicela isicelo esisodwa esincinyane kuwe, ungafulathelisi ubuso bami. Inkosi yasisithi kuye: Cela, mama, ngoba kangiyikufulathelisa ubuso bakho. 21 Wasesithi: UAbishagi umShunami kanikwe uAdonija umfowenu abe ngumkakhe. 22 Inkosi uSolomoni yasiphendula yathi kunina: Usumcelelelani uAdonija uAbishagi umShunami? Umcelele lombuso, ngoba ungumfowethu omdala kulami, yebo yena loAbhiyatha umpristi loJowabi indodana kaZeruya. 23 Inkosi uSolomoni yasifunga ngeNkosi isithi: Kenze njalo uNkulunkulu kimi lokunjalo engezelele, uba uAdonija engakhulumanga lelizwi emelene lempilo yakhe. 24 Ngakho-ke, kuphila kukaJehova ongimisileyo wangibeka esihlalweni sobukhosi sikaDavida ubaba, wangenzela indlu njengokukhuluma kwakhe, isibili lamuhla uAdonija uzabulawa. 25 Inkosi uSolomoni yasithuma ngesandla sikaBhenaya indodana kaJehoyada, owamsukelayo, wasesifa. 26 LakuAbhiyatha umpristi inkosi yathi: Yana eAnathothi emasimini akho, ngoba ungumuntu wokufa; kodwa lamuhla kangiyikubulala ngoba wawuthwala umtshokotsho weNkosi uJehova phambi kukaDavida ubaba, langoba wahlupheka kukho konke ubaba ahlupheka ngakho. 27 Ngakho uSolomoni wamxotsha uAbhiyatha ekubeni ngumpristi weNkosi, ukugwalisa ilizwi leNkosi eyalikhuluma mayelana lendlu kaEli eShilo. 28 Kwathi umbiko ufika kuJowabi, ngoba uJowabi wayephenduke walandela uAdonija lanxa wayengaphendukanga walandela uAbisalomu, uJowabi wabalekela ethenteni leNkosi, wabamba impondo zelathi. 29 Kwasekubikelwa inkosi uSolomoni ukuthi uJowabi usebalekelele ethenteni leNkosi, khangela-ke, useceleni kwelathi. USolomoni wasethuma uBhenaya indodana kaJehoyada esithi: Hamba umsukele. 30 Ngakho uBhenaya waya ethenteni leNkosi, wathi kuye: Itsho njalo inkosi: Phuma! Kodwa wathi: Hatshi, kodwa ngizafela lapha. UBhenaya wasebuyisela ilizwi enkosini, esithi: Utsho njalo uJowabi, ungiphendule njalo. 31 Inkosi yasisithi kuye: Yenza njengokutsho kwakhe, umsukele, umngcwabe; ukuze ususe

kimi lendlini kababa igazi elingelacala uJowabi alichithayo. 32 Njalo iNkosi izabuyisela igazi lakhe ekhanda lakhe, owasukela amadoda amabili ayelungile engcono kulaye, wawabulala ngenkomba, ubaba uDavida engazi: UAbhineri indodana kaNeri induna yebutho lakolsrayeli, loAmasa indodana kaJetheri induna yebutho lakoJuda. 33 Ngakho igazi labo lizabuyela ekhanda likaJowabi lekhandla lenzalo yakhe kuze kube nininini; kodwa kuDavida lenzalweni yakhe, lendlini yakhe, lembusweni wakhe, kuzakuba lokuthula kuze kube nininini okuvela eNkosini. 34 UBhenaya indodana kaJehoyada wasesenyuka, wamsukela wambulala; wasengcwatshelwa endlini yakhe enkangala. 35 Inkosi yasibeka uBhenaya indodana kaJehoyada esikhundleni sakhe phezu kwebutho, loZadoki umpristi inkosi yambeka esikhundleni sikaAbhiyatha. 36 Inkosi yasithuma yabiza uShimeyi, yathi kuye: Zakhele indlu eJerusalem, uhlale khona, ngaphumi lapho uye ngaphi langaphi. 37 Ngoba kuzakuthi mhla uphumayo, uchaphe isifula iKidroni, yazi lokwazi ukuthi uzakufa lokufa; igazi lakho lizakuba phezu kwekhanda lakho. 38 UShimeyi wasesithi enkosini: Lelolizwi lihle; njengokutsho kwenkosi yami, inkosi, inceku yakho izakwenza njalo. UShimeyi wasehlala eJerusalem insuku ezinengi. 39 Kwasekusithi ekupheleni kweminyaka emithathu inceku ezimbili zikaShimeyi zabalekela kuAkishi indodana kaMahaka inkosi yeGathi. Basebekela uShimeyi besithi: Khangela, inceku zakho ziseGathi. 40 Wasesukuma uShimeyi, wabophela isihlalo kubabhemi wakhe, waya eGathi kuAkishi ukudinga inceku zakhe; uShimeyi wahamba waletsa inceku zakhe zivela eGathi. 41 Kwasekubikelwa uSolomoni ukuthi uShimeyi wayesukile eJerusalem waya eGathi, njalo wabuyela. 42 Inkosi yasithuma yabiza uShimeyi yathi kuye: Kangikufungisanga yini ngeNkosi, ngafakaza kuwe ngathi: Mhla uphumayo ukuya ngaphi langaphi yazi lokwazi ukuthi uzakufa lokufa? Wasusithi kimi: Lihle ilizwi engilizwileyo. 43 Pho, kungani ungasigcinanga isifungo seNkosi lomlayo engakulaya ngawo? 44 Inkosi yasisithi kuShimeyi: Wena uyazi bonke ububi inhliziyi yakho ebaziyo owabenza kuDavida ubaba; ngakho iNkosi izabuyisela ububi bakho phezu kwekhanda lakho. 45 Kodwa inkosi uSolomoni ibusisiwe, lesihlalo sobukhosi sikaDavida sizaqiniswa phambi kweNkosi kuze kube nininini. 46 Ngakho inkosi yalaya uBhenaya indodana kaJehoyada, owaphuma wamsukela waze wafa. Ngakho umbuso waqiniswa esandleni sikaSolomoni.

3 USolomoni wasehlangu ngomtshado loFaro inkosi yeGibhithe, wathatha indodakazi kaFaro, wayiletha emzini kaDavida waze waqeda ukwakha indlu yakhe

lendlu yeNkosi lomdluli weJerusalema ozingelezeleyo. 2 Kube kanti abantu babenikela umhlatshele endaweni eziphakemeyo, ngoba kwakungakhelwanga ibizo leNkosi indlu kwaze kwaba yilezonsuku. 3 USolomoni wayithandake iNkosi, ehamba ezimisweni zikaDavida uyise; kube kanti wanikela umhlatshele watshisa impepha endaweni eziphakemeyo. 4 Inkosi yasisiya eGibeyoni ukuhlaba khona, ngoba leyo yayiyindawo ephakemeyo enkulu. Iminikelo yokutshiswa eyinkulungwane uSolomoni wayinikela phezu kwalelolathi. 5 EGibeyoni iNkosi yabonakala kuSolomoni ephutsheni ebusuku. UNkulunkulu wathi: Cela ingingakunika khona. 6 USolomoni wasesithi: Wena wenzele inceku yakho uDavida ubaba umusa omkhulu, njengokuhamba kwakhe phambi kwakho eqinisweni lekulungeni lebuqothweni behliziyo kuwe; wamgcinela lo umusa omkhulu ukuthi wamnika indodana ehlezi esihlatweni sakhe sobukhosi njengalamuhla. 7 Ngakho-ke, Nkosi Nkulunkulu wami, wena wenzile inceku yakho yaba yinkosi esikhundleni sikaDavida ubaba; ngingumtwanyana nje, angikwazi ukuphuma lokungena. 8 Lenceku yakho iphakathi kwabantu bakho obakhethileyo, abantu abanengi, abangelakubalwa labangelakunani swa ngobunengi. 9 Ngakho nika inceku yakho inhliziyo eqedisizayo ukwahlulela abantu bakho, ukuze ngehlukanise phakathi kokuhle lokubi; ngoba ngubani olamandla ukwahlulela lesisizwe sakho esikhulu? 10 Laloludaba lwaba luhle emehlweni eNkosi ukuthi uSolomoni ucele lolulutho. 11 UNkulunkulu wasesithi kuye: Ngenxa yokuthi ucele lolulutho, ungazicelelanga insuku ezinengi, ungazicelelanga inotho, ungacelanga umphefumulo wezitha zakho, kodwa uzicelele ukuqedisisa ukuzwa ukwahlulela, 12 khangela, sengenze njengamazwi akho. Khangela, ngikunike inhliziyo ehlaniphelelo leqedisizayo, ukuthi kungabi khona onjengawe ngaphambi kwakho, lemva kwakho kungaveli onjengawe. 13 Futhi longakucelanga ngikunikile, ngitsho inotho lodumo, ukuze kungabi khona umuntu onjengawe emakhosini zonke izinsuku zakho. 14 Njalo uba uzahamba endleleni zami, ukugcina izimiso zami lemilayo yami njengoDavida uyihlo wahamba, ngizakwelula insuku zakho. 15 USolomoni wasephaphama; khangelake kwakuliphupho. Wasesiza eJerusalema, wema phambi komtshokotsho wesivumelwano seNkosi, wanikela iminikelo yokutshiswa, wanikela iminikelo yokuthula, wenzela inceku zakhe zonke idili. 16 Ngalesosikhathi kwafika abesifazana ababili, amawule, enkosini, bema phambi kwayo. 17 Omunye owesifazana wasesithi: Hawu nkosi yami, mina lalumfazi sihlala ndlunye; ngasengibeletha ngilaye endlini. 18 Kwasekusithi ngosuku lwesithathu ngibelethile, laye lumfazi

